

**Publication:** Pinetown and Hammarsdale Indaba

**Title:** Okushiwo okhulumela uKhongolose

ngezinhlelo zikahulumeni zokufukula abesifazane

**Publish date:** 20 August 2019

**Reach:** 32000

**AVE:** R 10674.3

**Author:** Unspecified

## Okushiwo okhulumela uKhongolose ngezinhlelo zikahulumeni zokufukula abesifazane

**UMNUZ Ricardo Mthembu okhulumela uKhongolose KwaZulu-Natal, uthi i-ANC izimisele ngokugubha inyanga yabesifazane ngokubavulela amathuba okungena kwezomnotho, baphinde bexhaswe nasemabhizinisini.**

Uthe bazophinde belwele ukuthi izikhundla eziphezulu kwizinhlaka ezehlukene zikahulumeni kubhekwe kwabesimame kuqala ngaphambi kwabesilisa, wathi njengoba sebekutshengisile ukuthi akukho abangakwazi ukukwenza lokhu kuzophinde kugququzele nabanye ukuba besebenze ngokuzimisela kukho konke abakwenzayo.

"Siyafisa ukuthi lokhu kubukwe njengendlela i-ANC esebenzela ngayo umphakathi, kuzona zonke izinhlelo esinazo akekho osala ngaphandle agcine engahlomulanga kuzo. Siyabonga kwasebeqalile ukunikeza abesimame izikhundla ezibafanele, sizozhubeka sikulwele ukuthi behlonishwe ngemisebenzi encomekayo abayenzayo," kusho uMthembu.

Uphinde wagququzele amalungu omphakathi ukuba ebambisane ekulweni nezinkinga ezikhungethe abantu besifazane, asungule izinhlelo nezinhlangano ezizobambisana nezinhlaka zikahulumeni ekulweni nazo.

Uthe esikhundleni sokuqalwa kwezinhlangano zepolitiki, abantu kumele beqale izinhlangano ezizobhekelela izinkinga ezikhungethe imiphakathi yabo nezizobafundisa ngezinhlelo ezehlukene zikahulumeni nezindlela zokuhlomula kuzo.

Uthe kumele kuphinde kuhlaliswane ngokuthula emphakathini, ukuphambana kwembono okwenziwa ukulandelwa kwamaqembu ehlukene ezombusazwe kungabi isizathu sokungezwani nezimpi. Uthe abantu kumele bazi ukuthi onke amaqembu asebenzela umphakathi, bamukele bephinde beseke izinhlelo ezifakwayo ngisho ngabe azifikanga neqembu abalilandelayo ngoba zonke zifakelwe ukuthuthukisa umphakathi.

USomlomo weSishayamthetho sakulesifundazwe uNks Nontobeko Boyce, uthi kumele abesimame bebe nesabelomali esivela kuhulumeni esizonikwa yonke



**UMnuz Ricardo Mthembu ugxeke ukungabambisani kwamalungu omphakathi**

iminyango ukuze kuzofakwa izinhlelo ezizobhekana ngqo nezinkinga nokuthuthukiswa kwabo. Uthe ezinhlelweni eziningi zikahulumeni kuhlomula abesilisa ekubeni uhulumeni kungowawo wonke umuntu.

Uncome uNkk Nomusa Dube-Ncube onguNgqongqoshe wokuThuthukiswa koMnotho ezokuVakasha nezemvelo kanye noNks Peggy Nkonyeni onguNgqongqoshe weMsebenzi yoMphakathi kulesifundazwe ngokusungula izinhlelo ezizobhekelela ukuthuthukiswa kwabesimame, bephinde bevulelwe nethuba lokungena emnothweni wesifundazwe.

"Imithetho ebekwe uhulumeni egququzelela ukulingana kwabesilisa nabesimame ayilandelwa. Sifuna uhulumeni uphinde ufake izinhlelo zokuthuthukiswa kwamakhono ezinkampanini zabantu besimame. Kukhona nezinhlobo zamabhizinisi ezihlomulisa abesimame abambalwa, sifuna kushintshe lokhu kwande isibalo sabahlomula kuhulumeni," kusho uBoyce.